AS1993 - 7 - 9 - 143

# UMGUBHO WOSUKU LWENKOSI USHAKA

## INKULUMO NGUMNTWANA MANGOSUTHU BUTHELEZI, UNDUNANKULU WAKWAZULU NONGUMENGAMELI WEQEMBU LENKATHA YENKULULEKO

**EZINKUNDLENI ZEMIDLALO E-KING ZWELITHINI STADIUM : EMLAZI**
**26 SEPTHEMBA 1993**

%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%
%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%

# UMGUBHO WOSUKU LWENKOSI USHAKA

# INKULUMO NGUMNTWANA MANGOSUTHU BUTHELEZI, UNDUNANKULU WAKWAZULU NONGUMENGAMELI WEQEMBU LENKATHA YENKULULEKO

**EZINKUNDLENI ZEMIDLALO E-KING ZWELITHINI STADIUM : EMLAZI**
**26 SEPTHEMBA 1993**

---

%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%
%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%%

**IVALIWE IZE IKHULUNYWE**

# UMGUBHO WOSUKU LWENKOSI USHAKA

# INKULUMO NGUMNTWANA MANGOSUTHU BUTHELEZI, UNDUNANKULU WAKWAZULU NONGUMENGAMELI WEQEMBU LENKATHA YENKULULEKO

**EZINKUNDLENI ZEMIDLALO E-KING ZWELITHINI STADIUM : EMLAZI**
**26 SEPTHEMBA 1993**

---

Mphathi Wohlelo, Silo Samabandla, iNgonyama kaZulu, uMfundisi ovule ngomkhuleko nabanye aBaholi bezenkolo abakhona, uMhlonishwakazi

iMeya yaseMlazi, uNksz. Xulu namanye amaKhansela, aMakhosi eSifunda, aBahlonishwa oNgqongqoshe nabahlonishwa amaPhini awoNgqongqoshe, amalungu oMkhandlu waKwaZulu Oshayumthetho, izikhulu zayoyonke iMinyango kaHulumeni, iziNduna namaKhansela ezizwe, amalungu esizwe saKwaZulu, izihambeli ezimqoka, bafowethu nodadewethu, amadodana namadodakazi ethu athandekayo e-Afrika.

Silo samaKhosi, ngimi phambi kwakho nabantu baKwaZulu kulomkhosi omqoka ngeqiniso. Nginokuhlonipheka okujulileyo ukuba ngikwazi ukukhuluma kubantu baKwaZulu phambi kwakho, Zinyane leNdlovu, nokuba ngikwethule kubo, Wena weNdlovu. Usuku lwanamhlanje lusho lukhulu kubantu baKwaZulu, ngoba kunamhlanje lapho thina njengeSizwe, silapha phambi kobuso bakho njengeNgonyama yethu ebusayo, sizohlonipha khona iqhawe elingukhokho wakho nelingumqambi wesizwe sethu, iNkosi uShaka kaSenzangakhona kaJama kaNdaba kaMageba kaZulu kaMalandela.

Nxa sibheka wonke aMakhosi angamaqhawe naMakhosi Ohlanga ake abakhona e-Afrika eseNingizimu, yiNkosi uShaka emi njengomdondoshiya ewengama wonke amanye amakhosi. YiNkosi uShaka owabumba amaZulu ewasusa esizweni esincane

esasinganakekile wawakha wawenza isizwe esikhulu esinamandla lesi esesiyiso namhlanje. Kwaba yiNkosi uShaka owasakhayo wasenza iSizwe esinesibindi nobuqhawe esingakwesabi ukulwa nezitha zethu kepha futhi sibe simnene sinosizo kulabo abantulayo. Ngenkathi iNkosi uShaka egxilisa kithi umoya wobuqhawe kwezempi, wabuye wasifaka nentshisekelo yokuzithoba nomoya wobuntu. Yilomoya wobuntu osihlanganisayo njengesizwe, osenza lokhu esiyikho nosinikeza isizathu sokuphila.

INkosi uShaka kakufanele agcine ngokudunyiswa ngalokho akufezayo ekuhlanganiseni isizwe sakithi nje kuphela. Kakufanele agcine ngokudunyiswa ngokuba nombono nokuvulela abamhlophe embusweni wakhe nje kuphela. Kusukela kwasekuqaleni kokubusa kweNkosi uShaka, wakubona ukuthi abantu baKwaZulu kababakwazi ukuphila bebodwa kepha kufanele badale izibopho zobunye nawomakhelwana bethu, futhi bangagcini lapho nje kuphela kepha bakhe izibopho zobudlelwane nabamhlophe ababefika bevela e-Uyurophu. YiNkosi uShaka owakhuthaza ukuhwebelana nabamhlophe wandisa ukunethezeka phakathi kwabantu bakithi. YiNkosi uShaka futhi owabuye wavulela

abeziMishani ukuba basebenze phakathi kwabantu bakithi. Ngosizo lwabeziMishani abantu baKwaZulu sebephenduke abantu bakaNkulunkulu. Siyawuthokozela umsebenzi wabeziMishani abeza lapha ukuzosifundisa ngevangeli likaKhristu. Ngenkolelo yethu engagudlukiyo kuNkulunkulu, siyazi ukuthi nathi siyohlanganyela noMdali wethu eZulwini ngelinye ilanga. Sasivele sikholelwa thina kuNkulunkulu ngaphambi kokuba kufike abamhlophe njengoba sasimbiza ngoMvelingqangi nje.

Nala size lapha ukuzohlonipha umqambi wesizwe sethu, umhlangano wethu wanamhlanje kufanele ubuye ugxile ekuqiniseni ubunye namandla abantu baKwaZulu. Kusezinsukwini ezifana nalolu lwanamhlanje lapho abantu baKwaZulu bekwazi khona ukuma ndawonye njengomhlathi owodwa. Kusemikhosini efana nalona lapho sikwazi khona ukuqinisa ubuZulu bethu sihlanganyele nengqikithi yokuba nguMzulu. Kusezinsukwini ezifana nalolu lapho sikwazi khona ukukhumbula isikhathi esedlule sihlelele nesikhathi esizayo.

Sifuna ukudala ubunye phakathi kwabantu bakithi. Sifuna ukuba uZulu apheze ukubulala omunye uZulu. Sifuna ukuba abafowethu babambane ngezandla ukuze sikwazi ukulwa nezitha zethu zempela kepha singalwi

sodwa. Kungokuthula nobunye kuphela lapho singaphumelela khona ukuvuselela isizwe sakithi sisenze isizwe esiyokwenza iqhawe lethu eliyiNkosi uShaka aziqhenye ngathi.

Ngenkathi sigqugquzela wonke uZulu ukuba eme ndawonye, siyakuqonda ukuthi baningi abazama ukufaka ibhaxa phakathi kwethu. Kunezifundiswa eziningi eManyuvesi ezisigxekayo nezisibeka icala lokuhlwanyela imbewu yoqhekeko phakathi kwabantu abaMnyama. Iningi labo baqinisa ngokuthi sibeka izidingo zabantu baKwaZulu ngaphezu kwesidingo sokudala ubunye phakathi kwabobonke abantu abaMnyama ukuze sikwazi ukulwa nobandlululo lwezinhlanga nokuqonelwa ngabamhlophe. Siyaphikisana nombono wabo wokuthi ngokuziqhenya kwethu ngamasiko ethu namafa esawashiyelwa ngokhokho bethu sidala uqhekeko phakathi kwabantu abaMnyama ezweni lakithi. Sithi kulababantu: SingamaZulu angabantu baseNingizimu ne-Afrika. NjengoZulu siyisizwe esiziqhenyayo futhi sinomlando esiziqhenyayo ngawo. Ngakho kakufanele senqene ukukugubha uphawu lwethu olusenza sehluke ngobuZulu bethu. Kepha ngenkathi sithi wonke uZulu kufanele abemukele ubuZulu bakhe, sithi futhi uZulu kufanele azibone eyingxenye yabantu baseNingizimu ne-

Afrika. Kuzozonke izinyathelo esizithathileyo kulesisifunda saKwaZulu neNatali, kusukela kuButhelezi Khomishani kuye kuyofinyelela eNdabeni yaKwaZulu neNatali, iSigungu Esihlanganyelweyo (Joint Executive Authority) kanye neMikhandlu Yokusebenza Ehlanganyelweyo, sithatha bonke abantu bakulesiSifunda njengesizwe esisondwa.

Kunabantu abathile abathi umcabango wokuba nguMzulu ubuye ube ngumuntu waseNingizimu ne-Afrika uyinto engenakwenzeka. Thina laphaya kuKhabhinethi yaKwaZulu sikholwa yikuthi kunokwenzeka ukuba sikhonze esizweni saKwaZulu naseNgonyameni kanye naseNingizimu ne-Afrika iyonke. Lokhu sikholwa yikuthi kungenzeka ngohlelo lukahulumeni Wompheme Wezifunda Ezibambiseneyo. Umpheme Wezifunda Ezibambiseneyo uyosivumela njengoZulu ukuba sizibuse thina zingqobo zethu usivumele nokuba siqhube amasiko nenqubo yethu yendabuko. Umpheme Wezifunda Ezibambiseneyo uyosivumela ukuba sizilawulele ikusasa lethu nokuthi siyaphi njengesizwe. Umpheme Wezifunda Ezibambiseneyo ngeke ulingise ubandlululo olwalubhekela amalungelo amabhunu kuphela ngegazi labanye abantu, kepha wona uzovumela izizwe ezehlukeneyo zaseNingizimu ne-Afrika ukuba zizilawulele ikusasa lazo ngaphandle kokuphoqelela intando yazo phezu kwabanye abantu.

Ngenxa yokuba uhlelo loMpheme Wezifunda Ezibambiseneyo luvumela konke lokhu, yilona hlelo lukahulumeni kuphela oluyokwazi ukudala ukuthula ezweni lakithi.

Nxa singakholelwa ohlelweni loMpheme Wezifunda Ezibambiseneyo kusho ukuthi sesiphenduka isizwe esingenabo ubuso, isizwe esiyingxenye yotiti nje lwabanye abantu, nesizwe esingenalo ikusasa. Ngenxa yokuba siyaziqhenya thina ngomlando wethu njengoZulu, iQembu leNkatha Yenkululeko kalikwazi ukukuvumela ukuba kwenzeke lokhu. Thina njengoZulu siyahlonishwa futhi saziswa ngabangani nezitha ngokufanayo. Sibonwa njengophawu lwesibindi nobuqhawe, ukuziqhenya nokuzimisela. Ukwaziwa kwethu ngokuziqhenya kwethu kakugcini nje lapha ngaphakathi kwemingcele yezwe lakithi kepha kuhamba kuye kuyofinyelela kuwowonkwe amagumbi omhlaba. Buza noma ngubani e-London noma e-New York noma e-Paris noma e-Tokyo uyobafumana bekhuluma kahle ngoZulu. Nxa bekhuluma ngoZulu bakhuluma ngobuqhawe nesibindi, bakhuluma ngovalo netwetwe esilifaka ezitheni zethu.

Iningi lezitha zethu linomhobholo ngokwaziwa kwethu ngokuziqhenya kwethu. Balubukela phansi udaba lokuthi saziswa emhlabeni wonke. Yingakho nje befuna ukubona iSizwe samaZulu siphela nya. YIngakho nje befuna ukuhlakaza elaKwaZulu. Bafuna ukusishiya singenamakhaya ukuze nathi siphoqeke ukuba yimihambima ehlane njengoba kwenzeka kubantwana bakwa-Israel ngemuva kokukhululwa kwabo eGibhithe.

Kakufanele sizinikele ezandleni zalababantu abanomgolo. Nxa singasukumi simele ilungelo lethu lokubakhona njengesizwe, kusho ukuthi sizolahlekelwa yikho ukuhlonishwa esesikubuthe wonke lamakhulu eminyaka. Sizolahlekelwa yikuhlonishwa ngamaqhawe angaMakhosi aKwaZulu namabutho awo ayezimisele nangokukufela imbala. Igama lethu esiziqhenya ngalo njengesizwe silifumane kanzima silikhokhele ngegazi eziwombeni eziningi zempi eSandlwana, eShiyane, Ondini nakwezinye izindawo. Nxa sivumela izitha zethu ukuba zihlakaze elaKwaZulu ngaphandle kokuba sitibile nakancane nje, lokho kuyosho ukuthi sidayisa ngokhokho bethu abalwa bafa ukuze sikwazi ukuzikhulula ekubusweni ngezinye izizwe. Nxa sithobela ukunqotshwa kulesisikhathi, kusho ukuthi siyobhekana nolaka lawokhokho bethu nakanjani.

Thina njengoZulu kudingeke ukuba silwe ukuze sihlale siyisizwe esiziqhenyayo nesikhululekileyo kusukela osukwini esabunjwa ngalo yiNkosi uShaka esakha ngezizwe eziningi ezincane. Kwadingeka ukuba silwe namaNgisi ukuze sizifumanele ilungelo lethu lokuzibusa thina. Kwadingeka ukuba silwe neqembu lamaNeshinali ngezindlela zokuthula ukuze sizikhiphe thina ejokeni lobandlululo. Siphoqeke ukuba siphile iminyaka engama-45 ngaphansi kohlelo lobandlululo oluntula ubuntu. Kudingeke ukuba siphile ngaphansi kohlelo olukhohlakeleyo obelwenza uZulu abe yizihambi ezweni lakhe lenkaba obeluthuthisa abantu bakithi ezindaweni zawoyisemkhulu nawokhokho babo lubaphendule isizwe semihambima. Loluhlelo lube yuhlelo olusehlise isithunzi, lwabhidliza ukuzazisa kwethu lwasenza izinqibi. Namhlanje ubandlululo seluphelile. Kepha lokho kakusho ukuthi isiphelile impi ebesiyilwa yokuhlala siyisizwe esiziqhenyayo nesikhululekileyo. Eqinisweni yikhona iqalisa phansi njengoba nibona nje ukuthi kunabaningi abavunanayo ukuze kucekelwe thina phansi, siqothwe siphele nya.

Namhlanje njengoba sizilungiselela ukugubha ukukhululeka kwethu

ekubusweni yubandlululo, kufanele sibhekane nengozi esilengelayo evela ezitheni zethu njengoZulu. Kabakufihli ukuthi inhloso yabo yikuhlakaza elaKwaZulu, ukuketula uHulumeni waKwaZulu nohlelo lwami lokuphatha nokwenza iNgonyama yethu ingabi namandla, ilungele ukwenza lokho abayithuma khona.

Thina njengesizwe sinomlando wokuzabalaza ezizukulwaneni eziningi. Salwa ngesibindi nobuqhawe sazizuzela ukuhlonishwa ngamabutho amaNgisi. UMkhonto Wesizwe unokusibulala isifazane sethu nezingane zethu ngonya kepha kayikho indlela yokuba bangabhekana nebutho likaZulu lapho sekubhekenwe khona ubuso nobuso. Ngisho noma bephethe izibhamu zabo zohlobo lwe-AK47, siyophetha ngokubakhombisa umshini wokulwa onobuqotho nesibindi iqhawe lethu eliyiNkosi uShaka elasakha saba yiwo.

Izinga uMkhonto Wesizwe ozimisele ngokufinyelela kulo libonakala ngokusobala nxa kusuke kumiswa imindeni yonke ikleliswa kuthiwa kayifulathele ibheke obondeni ibisidutshulwa ibulawa ngobuvaka obesabekayo. NaseNtilasifali amaZulu akhishwa ezimotweni zawo adutshulwe abulawe ngonya ngoba nje engamaZulu. Kakulona ihaba leli. Kulezizinsukwana ezimbalwa nje ezedlule abashokobezi boMkhonto

Wesizwe abebehlomile bamise itekisi batshena bonke abangewona amaZulu ukuba babuyele eceleni badedelwa. Labo ababengamaZulu batshenwa ukuba balale phansi ngezisu badutshulwa eziphundu babulawa.

Ngolwesine lomhlaka-16 kuyo lenyanga, umholi wethu obenguSihlalo eXobho, uMnu. Ethelbert Malinga, wabulawa emini kabha eshayela imoto yakhe evela eXobho eya ekhaya e-Webbstown. Ngosuku olungaphambi kwalolo kwahlaselwa umuzi weNkosi uChiliza neminye imizi eyishumi yacekelwa phansi ngomlilo kwabulawa amalungu amabili eQembu leNkatha Yenkululeko kulokho kuhlasela, uMnu. Windowlene Shabalala nendodana yakhe.

Iqembu lamaNeshinali lahlukumeza abantu abaMnyama ngenxa yebala lesikhumba sabo ngaphansi kohlelo lobandlululo. Lokhu kwakuyinto enonya futhi enokwenzelela. Ngabe leNingizimu ne-Afrika entsha isazophinda khona lokho kweNingizimu ne-Afrika endala na, lapho izitha zethu ezikuHulumeni zizosibulala zisiqede khona ohlelweni lokuqeda uhlanga oluthile lwesizwe ngenxa nje yokuba singamaZulu na? Laphaya

e-Katlehong lapho ngike ngahambela khona, izindlu zamaZulu ngisho nangewona nje namalungu eQembu leNkatha Yenkululeko, ziyahlaselwa kubulawe abantu, abaningi basale bengenamakhaya.

Impi yokuhlasela uZulu ibiqhubeka ngenkathi thina sibonisana ngekhambi lokuthula lokuxazulula izinkinga zethu e-World Trade Centre. Sayizwakalisa intukuthelo yethu kuHulumeni nasemaqenjini acheme naye. Kepha uHulumeni kakubonakali ukuthi kukhona akwenzayo ukunqanda lokhu kubulawa kwabantu bakithi. Ngiyakuqonda ukuthi nathi njengabaholi sinesibopho sokuba kubekhona esikwenzayo ukunqanda lendluzula. Ukungazimiseli kukaHulumeni ukuba anqande uMkhonto weSizwe ekubulaleni abantu bakithi kube ngesinye sezizathu ezenze ukuba siphume ezingxoxweni zokubonisana. Besizoqhubeka kanjani nokubonisana ngenkathi sibonisana sikhonjwe ngombhobho wesibhamu na? Kulindeleke kanjani ukuba sibonisane ngokuthula nokubuyisana ngenkathi abalandeli bethu behelwa ngenhlamvu bebulawa ngonya ezitimeleni, emohostela nasemalokishini na?

Umkhankaso wokucoboshisa iSizwe samaZulu kakusho ukuthi wenzeka laphaya phansi ezingeni loquqaba nje kuphela. Uyaqhubeka ngisho

nasenkundleni yokubonisana laphaya e-World Trade Centre. Enhliziyweni yeziphakamiso zakamuva zesakhiwo ezethulwe ekubonisaneni kukhona inhloso yokubhidliza elaKwaZulu njengomkhakha wezombusazwe ngaphambi kokuba kubenokhetho ngonyaka ozayo . Nxa sizovumela lezizinhlelo zabo kusho ukuthi uHulumeni waKwaZulu uzophoqeleka ukuba anikele ngamandla akhe namagunya akhe eMikhandlwini Yesikhathi Soguquko. Lemikhandlu izonikezwa igunya lokuhlakaza uhlelo lwakwaZulu lokuphatha nokuba yengamele yonke into eyimpahla kaHulumeni waKwaZulu, yengamele nayoyonke into eyenziwa nguHulumeni waKwaZulu.

Ningaluthwa ngabantu abanitshena ukuthi iMikhandlu Yesikhathi Soguquko izosebenza ngentando yeningi futhi imele wonke amaqembu sekuhlangene neQembu leNkatha Yenkululeko. Nala lemikhandlu kufanele yakhiwe yiwowo amaqembu ombusazwe, eqinisweni kuzokhonya i-ANC nemikhakha ebambisene nayo kuyo, efana nezinhlangano zezakhamizi - ama-Civics. Nxa sivumela Imikhandlu Yesikhathi Soguquko ukuba ithathe ukuqhutshwa kwelaKwaZulu kuyosho ukuthi sivumela [illegible]nye abantu ukuba babuse phezu kwethu.

Sengikuphindaphinde kaningi ngikusho ukuthi kangisoze ngakuvumela ukuba kwenzeke lokhu.

Izitha zethu zifuna ukuhlakaza elaKwaZulu ngoba bathi elaKwaZulu ladalwa yubandlululo ngakho kufanele libuyiselwe ngaphansi kweNingizimu ne-Afrika njengazozonke izabelo. Thina esikuHulumeni waKwaZulu sithi kuyilumbo lokhu. ElaKwaZulu kalidalwanga yilo ubandlululo. ElaKwaZulu lalivele likhona ngaphambili kakhulu kokuba kubekhona ubandlululo. Sasivele sikhona ngaphambi kokuba abamhlophe bayibeke ngisho nokuyibeka ngokokuqala nje imicondo yabo lapha enhlabathini yakithi. Ngakho kasidalwanga yilo ubandlululo futhi kasikaze nanini sidalwe yubandlululo.

ElaKwaZulu ladaleka njengombuso onobukhosi besizwe eminyakeni engaphezulu kwamakhulu amabili edlule. Lazifumanela ukwemukeleka njengombuso ozimeleyo onobukhosi besizwe kumaRiphabliki amabhunu aseNtilasifali neyaseFuleyistata kanye naseMangisini. Eqinisweni yikho lokhu kuhlonishwa okwaholela amaNgisi ekuthungatheni ukubhidliza elaKwaZulu ngokugabadela Ulundi. Njengoba amabhuku enu omlando ezonitshena, nina njengeSizwe samaZulu, niholwa yiqhawe eliyiNkosi

yethu uCetshwayo, nalwa ngesibindi nokubuswa ngezinye izizwe ngenkathi nilwa namaNgisi. Nala sanqotshwa kuleyompi, lokho kakusho ukuthi salahlekelwa yinkululeko yethu yobukhosi besizwe.

Ngakho phakathi ezinhliziyweni zethu siseyiwo umbuso ozimeleyo onobukhosi besizwe njengoba sasivele sinjalo. Kakukho kunqontshwa nakugqilizwa okuyoke kubhidlize inkululeko yobukhosi besizwe nxa sesibufezile. Thina njengoZulu siyisizwe esinamasiko nenqubo yethu yendabuko, sinomlando wethu futhi sinababusi bethu. Kakukho muntu okufanele akuthathe kalula ukuzimisela kwethu ngokuzibusa thina. Kakukho muntu okufanele akuthathe kalula ukuzimisela kwethu ngokuhlala sikhululekile ekubusweni ngezinye izizwe. Nxa izitha zethu zikugcizelela ukusigqilaza njengoba kwenza amaNgisi nanjengoba iqembu lamaNeshinali lizamile ukukwenza lokho, kayikho enye into esizoyenza ngaphandle kokuzabalaza. Sizolivikela ilungelo lethu lokuzibusa thina, futhi lokho sizokwenza ngakho konke okusemandleni ethu njengoba senzile nje obandlululweni.

Nxa ngithi silengelwa yingozi, lokhu kangikusho neze kalula. Sekukaningi

esikhathini esiphambili sinikezwa isiqiniseko sokuthi kayikho ingozi esilengelelayo. Sekukaningi sikholwa yilokho esikutshenwa ngabanye. Sazemukela iziqiniseko esasizinikezwa ngamaNgisi. Sazemukela iziqiniseko esasizinikezwa yiqembu lamaNeshinali. Ake nibheke nje ukuthi lokhu sekusifinyelelise kuphi. Ngeke sisaqhubeka nokwemukela iziqiniseko ezenziwa yinoma ngubani ngaphandle kwabaholi bethu.

Ngithi kini namhlanje: Hambani nibuyele emakhaya nivuselelekile ezindleleni zamaZulu. Ningavumeli ukuba niphazanyiswe yimikhuba yamanye amasiko. Ningazinyezi ngobuZulu benu. Ningakwenqeni ukulandela amasiko ethu edluliselwe kithi ngokhokho bethu ezizukulwaneni ngezizukulwane. Nina nibusiswe ngamasiko eziwahahelayo ezinye izizwe. Nina nibusiswe ngomoya weqhawe lethu eliyiNkosi uShaka. Thina sihlalisene nabanye abantu baseNingizimu ne-Afrika ngokuthula futhi sizimisele ngokuqhubeka nokuhlalisana nabo ngokuthula ngaphandle kokudicilela phansi lokho esiyikho njengeqoqo lamasiko.

Fundisani izingane zethu ukuba zilandele amasiko nenqubo yendabuko kaZulu. Fundisani izingane zethu ukuziqhenya ngefa lazo. Nxa

singakwenzi lokho, imizamo yobuqhawe yeNkosi uShaka yokusakha isenze lesisizwe esinamandla nesihlonishwayo iyofana nesithukuthuku senja.

Kuyintokozo enkulu kimi ukuba ngethule kini uNomthebe wethu, iSilo saMakhosi, ukuba sikhulume nani.

---